**ISITATIMENDE SABEZINDABA SIKAKHOMISHANA WOPHIKO LWEMALINGENISO EQOQWAYO LWASENINGIZIMU AFRIKA (USARS) NGOKUPHUMA KWENINGIZIMU AFRIKA OHLWINI LWABAHLALA BEQASHIWE LWE-FATF**

**Tshwane, 24 kuMfumfu 2025 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) namuhla lwamukela isinqumo esikhishwe yiThimba Elijutshelwe Ezezimali (i-FATF) sokukhipha ohlwini iNingizimu Afrika "ohlwini lwabahlala beqashiwe" ngaphansi kwalabo abaqashwa njalo. Lesi yisikhathi esisemqoka ezweni lethu nobufakazi bendlela kahulumeni wonkana nezikhungo zawo yokubuyisela isithunzi sohlelo lwethu lwezezimali.

Yize ukusifaka ohlwini lwabahlala beqashiwe kwe-FATF kokuqala Nhlolanja 2023 bekungenxa yokuntengantenga kohlelo ngenxa yokuqhwagwa kwamandla ombuso, uSARS uyaqonda ukuthi wona, kanye nezinye izikhungo ezisemqoka, bathinteka kanti kusamele baqhubeke nokudlala indima esemqoka ekuvimbeleni ukubuyela kulesi simo esikhathini esizayo. UKhomishana Edward Kieswetter uqaphela ukuthi "siyaqonda ukuthi ukususwa ohlwini lwabahlal beqashiwe akusho ukuthi sesiqedile kodwa kuyisinyathelo esikhulu ohambweni lwesikhathi eside lokwakha uhlelokusebenza lwezimali olunamandla futhi oluqinile.

USARS uyaziqhenya ngokweseka imizamo kazwelonke yokufinyelela ezintweni ezingama-22 ngokwezidingo ze-FATF. Igalelo lethu elikhethekile kube yilei:

- **Uhlelo oluthuthukisiwe lophenyo nokubuyisa:** Ngokusebenzisana nama-ejensi okuphoqelelwa komthetho ngezithangami ezifana *neNational Priority Crime Operational Committee* (i-NPCOC), i-*National Joint Operational and Intelligence Structure* (i-NATJOINTS), i-*Inter-Agency Working Group on Illicit Financial Flows*, i-*Fusion Centre*, i-*South African Anti-Money Laundering Integrated Taskforce* (i-SAMLIT), i-*Inter-Agency Working Group on Illegal Money or Value Transfer Services* (i-MVTS) kanye ne*State Capture Task Force*, uSARS useqinise amandla awo okuqoqa ulwazi mayelana nezezimali kanye nokuthuthukisa uphenyo nokumiswa/ukubuyiswa kwempahla uma kukhulunywa ngezindaba zobugebengu bentela nokulawulwa kwempahla

emngceleni kubandakanya ukugunyathwa kwemali nezikimu zoxhasomali lwamaphekula.

- **Ukutholakala kolwazi lobuhlomulilifa okwandisiwe:** Sethule izibopho zokubika zobuhlomulilifa kubantu bezomthetho kanye namathrasti kanjalo nokusebenzisana eduze neKhomishana Yezinkampani Nokusunguliwe (i-CIPC) kanye neNkosi Yenkantolo Ephakeme (i-MOHC) ukuze sithuthukise ukutholakala kolwazi lobuhlomulilifa olunembile nolwakamuva kubantu bezomthetho namathrasti.
- **Ukwethulwa kwezichibiyelo zomthethonqubo ezisemqoka:** UMthetho Wokuphathwa Kwentela wachitshiyelwa kowezi-2023 ukwenza ukushintshana kolwazi kwafakwa i-CIPC, i-MOHC kanye noMnyango Wokuthuthukiswa Kwezenhlalakahle (i-DSD) ukweseka uhlakakusebenza kolwazi lobuhlomulilifa kuzwelonke.
- **Ukuqaliswa Kohlelo Lokusingathwa Kwabahambeli:** Ukuthuthukiswa kanye nokuhlolwa kohlelo lokudalula abahambi lwedijithali ngemali nama-bearer negotiable instruments (ama-BNI) lapho bengena futhi bephuma kuyo yonke imingcele. Lolu hlelo luvumela ukwabelana ngolwazi ne-FIC futhi kulindeleke ukuthi lube yimpoqo ekupheleni kowezi-2025
- **Ukwakhiwa kwamakhono (ngokuhlanganyela nokuholwa nguSARS):** USARS uqeqeshe izisebenzi zawo kanye nezinye izikhulu zokuphoqelelwa komthetho mayelana nokugunyathwa kwemali, ubuhlomulilifa, izindlela ezisemthethweni zokushintshana ngolwazi kanye nokusetshenziswa kosizo lwezomthetho oluhambisanayo.

USARS ushintsha amehlo awo manje uwabhekisa ekufakeni lokhu okwenziwe ngcono kube yindlela yawo yokusebenza yesikhathi eside nezinzile. Lokhu kusho ukuqhubeka:

- Nokunika ingcaciso nokwenza kube lula kubakhokhintela ukuthobela izibophezelo zabo zokukhokha intela.
- Nokuphoqelela imithetho yethu yentela neyokulawulwa kwempahla emngceleni ngokuthatha izinqumo nangobulungiswa ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela, noma ukuchema.

- Nokusebenzisana ngempumelelo nozakwethu bakuleli nabamazwe omhlaba ekulwisaneni nomnotho ongemthetho.
- Nokusebenzisa ulwazi lwemininingo yezobuchwepheshe nebhizinisi ukuqonda nokuziphendulela ekugelezeni kwemali okungemthetho.

UKhomishana uKieswetter uthi "lokhu kususwa ohlwini kubuyisa ithemba kunqubekela phambili yeNingizimu Afrika, kodwa angeke siyeke ukuhlala siqaphile. Impi yokubhekana nobugebengu kanye nenkohlakalo yimpi eqhubekayo. USARS usalokhu uzibophezele ekugcineni imigomo ephezulu yobuqotho bezezimali futhi, njengoba sisondela emzuliswaneni omusha wokubuyekezwa kwe-FATF oqala engxenyeni yokugcina kowezi-2026, uSARS uzosebenza ngokungaphezi ukuqinisekisa ukuthi senza okudingekayo ukulwa nomnotho ongemthetho. Ngokwenza lokhu, angeke sigcine kuphela isimo sethu ku-FATF kodwa, okubaluleke kakhulu, ukuqhubeka nokwakha ukwethenjwa umphakathi nokuthi baluthembe uhlelo lwethu lwezimali, siphinde sakhe iNingizimu Afrika eqinile, nechumayo yabo bonke abantu."

Ngolwazi olwengeziwe kwabezindaba, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za.

IYAPHELA